# Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

40/2014 Intshumayelo ngesonto 06 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 27. 06. 2014

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 237/202

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, siyabonga Baba osezulwini, wasizala kabusha embhapathizweni ukuba sibe abantwana bakho, izindlalifa zokuphila okuphakade, singakubonga kanjani ngalokhu. Sicela namuhla uMoya wakho oNgcwele, makavule izindlebe zethu nezinhliziyo zethu ngezwi lakho, sikhunjuzwe ukuthi singabantwana bakho. Sikhumbuze Moya oNgcwele ngaleligugu elikhulu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 6:3-11;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Matheo 28:16-20.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 241/206

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7.** **Iphistola** ngohlelo lwesithupha lilotshiwe ku 1 Petru 2:1-10, lithi: "Ngakho lahlani ububi bonke, nobuqili bonke, nokuzenzisa, nomhawu, nokuhleba konke; njengezingane ezisand’ ukuzalwa langazelelani ubisi olungokomoya olungenakonakala, ukuze nikhule ngalo kube ngukusindiswa, uma seninambithile nezwa ukuthi iNkosi imnene. Sondelani kuyo, iyitshe eliphilileyo, elinqatshwé ngabantu, kepha kuNkulunkulu likhethekile, liyigugu, nakhiwe njengamatshe aphilileyo, nibe yindlu yokomoya, ubupristi obungcwele, ninikele ngemihlatshelo yokomoya eyamukelekayo kuNkulunkulu ngaye uJesu Kristu. Ngoba kukhona embhalweni ukuthi: Bhekani, ngibeka eSiyoni itshe legumbi elikhethekile, liyigugu; okholwa yilo akasoze ajabhiswa. Ngakho kini enikholwayo liyigugu; kepha kwabangakholwayo itshe abalinqabayo abakhi yilona elaba yinhloko yegumbi, netshe lokuqhuzula, nedwala lokukhubekisa; baqhuzuka bengalaleli izwi, okuyikhona bekumiselweyo; kepha nina niluhlanga olukhethiweyo, ubupristi obobukhosi, isizwe esingcwele, abantu abazuziweyo,

ukuze nishumayele ubukhosi balowo owanibiza niphume ebumnyameni, ningene ekukhanyeni kwakhe okumangalisayo; ekade naningesiso isizwe, kepha manje niyisizwe sikaNkulunkulu, enaningahawukelwanga, kepha manje nihawukelwe." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, halala!!! kuyisonto lesithupha emva komkhosi wobuThathwemunye. Haleluya!!! makabongwe iNkosi yethu uJesu Kristu, ngokuba kuyisonto lesithupha emva komkhosi wobuThathwemuye. Ngiyathanda kakhulu leliSonto ngokuba onke amazwi alo ayasikhumbuza ngombhapathizo ongcwele. Sibhapathiziwe egameni likaNkulunkulu uYise, neNdodana, noMoya oNgcwele, singabantwana boMninimandla onke. Sonke esibhapathiziwe sisemdeneni owodwa, umndeni kaNkulunkulu, sihlala ekhaya lakhe, sihlala nasetafuleni lakhe. Uthi uPawulu encwadini kwabaseGalathiya: "Ngokuba nonke ningabantwana bakaNkulunkulu ngokukholwa kuKristu. Ngokuba nonke enibhapathizelwa kuKristu nembatha uKristu. Akakho umJuda nomGreki, akakho oboshiweyo nokhululekileyo, akakho owesilisa nowesifazane, ngokuba nina nonke nimunye kuKristu Jesu. Kepha uma ningabakaKristu, siniyizinzalo ka-Abrahama, niyizindlalifa ngokwesithembiso." Yiyo indaba eqheda konke ukubandlulula, simunye kuKristu. Ake singakhohlwa nanini ukuthi sibhapathiziwe, singabantwana bakaNkulunkulu, siyizindlalifa zokuphila okuphakade.

Izwi lentshumayelo yanamuhla lithanda ukusikhumbuza ukuthi singamatshe aphilileyo ahlanganisiwe endlini kaNkulunkulu. Lonke lelizwi limile kuso isekelo sombhapathizo. Siyafunda esahlukweni sokuqala ngokuthi: "Makabongwe uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Kristu owabuye wasizala kabusha ngokwesihawu sakhe esikhulu..." Incwadi yokuqala kaPetru iyaphakamisa kakhulu lokhukuzalwa kabusha kwethu, umbhapathizo. Haleluya, singabantwana bakaNkulunkulu.

"Njengezingane ezisand' ukuzalwa langazelelani ubisi olungokomoya olungenakonakala, ukuze nikhule ngalo kube ngukusindiswa, uma seninambithile nezwa ukuthi iNkosi imnene." Bathandekayo eNosini ukulangazela kwamakholwa, ukulangazela kwabantwana bakaNkulunkulu kungukufuna, ukufisa yena uJesu Kristu, ukuba seduze naye. Uma izwi lithi "langazelelani ubisi" lithini ngalolubisi? UPawulu wathi abaseKorinte bathole ubisi ekuqaleni, ngokuba babengakwazi ukuthola amazwi alukuni mayelana nokukholwa, wabapha ubisi njengokudla okulula, wabapha ubiszi ngokuba babe njengezingane mayelana nokukholwa ("Nganiphuzisa ubisi, anganipha ukudla okuqinileyo, ngokuba beningakaqini." 1Kor3,2 lokhu

kuyafana nasencwadini kumaHeberu lapha sifunda khona ukuthi: "Ngokuba noma benifanele ukuba nibe ngabafundisi, uma kuye ngesikhathi nisadinga futhi ukuba kube khona onifundisa iziqalo zezifundiso zamazwi kaNkulunkulu; senaba ngabadinga ubisi, kungesikho ukudla okuqinileyo. Ngokuba lowo odla ubisi akakaqondi lutho lwezwi lokulunga, ngokuba uyingane." Heb 5,12-13). UPetru kodwa akakhulumi ngokudla okulula kwamakholwa, noma namakholwa awangakaqondi, awangakaqini, akasho sifanele ukulangazela ukudla okulula njengabantu abangakaqondi lutho mayelana nokukholwa kodwa ukhuluma ngokudla okungcwele, okungahlanganiswanga ngalutho okubi, ukhuluma ngezwi elingcwele. Kuyafana nokukhuluma kweKhathekisemu elincwele lapha lichasisa isicelo sokuqala somkhuleko weNkosi lithi: "Igama likaNkulunkulu liyangcweliswa lapho izwi likaNkulunkulu lifundiswa ngokucwebileyo nangokuchachileyo ...". Langazelelani ubisi olungokomoya olungenakonakala kuyakhomba lelizwi elingcwele, elicwebileyo nalichachileyo. Lelizwi liyasitshela thina esingamakholwa ngombhapathizo, esingabantwana bakaNkulunkulu, esingabomdeni kaNkulunkulu ngombhapathizo ukuthi sifanele ukuzwa izwi lakhe, sinakekela ukukholwa kwethu ngokudla okuyizwi lakhe elicwebileyo nalichachileyo. "Ukuze nikhule ngalo kube ngukusindiswa!" Izwi lanamuhla liyachasisela kahle ukuthi umbhapathizo wethu uyadinga ukunakekelwa njengokukholwa kwethu. Singasho njengabantu abathile ukuthi ngibhapathiziwe, nginesitifiketi sombhapathizo angisadingi lutho okunye ukuba ukukholwa kwami kuqiniseke, kuphile, ngisindiswe. Qhabo, sidinga lolubisi ukuba kuphiliswe ukukholwa nombhapathizo wethu, sidinga ukusondela eNkosini yethu uJesu Kristu enkonzweni yakhe nasesidlweni sakhe esingcwele ukuba kuphiliswe umbhapathizo wethu, kuqiniswe ukukholwa kwethu, sibe amatshe aphilileyo njengeNkosi yethu ephilayo.

NjengoJesu Kristu obizwa ngezwi lakhe ngokuthi uyitshe eliphilileyo, elikhethekile, eliyigugu nathi singamatshe aphilile. Saphiliswa embhapathizweni ukuba sibe ngamatshe aphilileyo endlini yakhe eyibandla elingcwele. Kusho ukuthi sonke esisemzimbeni kaJesu Kristu sakhiwa endlini yokomoya ukuba sisebenzisane ebandleni lakhe, elingumzimba wakhe, noma itempeli lakhe elingcwele. Siyasondela kuye oyitshe elingcwele, eliphileleyo ukuba nathi sithole lokhukuphila kwakhe okungcwele. Kodwa kubo abangakholwayo uJesu Kristu uyitshe lokuqhuzula, nedwala lokukhubekisa. Ababoni uJesu Kristu njengoMsindisi, ababoni isiphambano njengesibusiso esikhulu, abamazi uNkulunkulu nomusa wakhe. Kodwa thina asifani nabo. Kithina kuyisibusiso, ivangeli, uJesu Kristu unguMsindisi wethu, igugu elikhulu, kubo lelitshe legumbi liyisiqalekiso, lingumthetho, baqhuzuka izinyawo zabo kulo.

UPetru uyasikhuthaza, uyasifundisa namuhla ngezwi elihle ngesikhundla sethu sobukholwa, isikhundla samakholwa, isikhundla sabantu ababhapathiziwe uthi: "Niluhlanga olukhethiweyo, ubupristi obobukhosi, isizwe esingcwele, abantu abazuziweyo, ukuze nishumayele ubukhosi balowo owanibiza niphume ebumnyameni, ningene ekukhanyeni kwakhe okumangalisayo, ekade naningesiso isizwe sikaNkulunkulu, enaningahawukelwanga, kepha manje nihawukelwe." Bathandekayo eNkosini lelizwi liyahlanganisa endawonye lesisibusiso esivela kuNkulunkulu uBaba wethu osezulwini. Wasikhipha ebumnyameni, wasingenisa ekukhanyeni kwakhe. Wasizala kabusha ukuba sibe isizwe sakhe, abantu abakhethiwe nguye uMninimandla onke ukuba sibe abakhe. Ngezwi lakhe nangesidlo sakhe esingcwele siyaqiniswa nguMoya oNgcwele ukuba sikwazi ukuphila njengamatshe aphilileyo embusweni wakhe. Siyibo abakhe, uyasazi ngamagama ethu, masimbonge ngakho konke ukuphila kwethu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Baba, wasenza sibe abakho, siqinise ngoMoya wakho oNgcwele ukuba sikhumbule lokhu ngakho konke ukuphila kwethu. Singabakho ngoJesu Kristu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 238/203.

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2014 ngu-P. C. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.